



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA NONYAKA 2015 IBANGA 1 ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA ISIVIVINYO

AMAMAKI

AMAMAKI: 20

ISIKHATHI: 1 Ihora

ISIFUNDAZWE _____

ISIFUNDA _____

ISEKETHE _____

ISIKOLE _____

INOMBOLO YE-EMIS (9 amadijithi)

--	--	--	--	--	--	--	--	--

IKILASI (Isib.1A) _____

ISIBONGO _____

IGAMA _____

UBULILI (✓)

UMFANA

INTOMBAZANE

USUKU LOKUZALWA

C	C	Y	Y	M	M	D	D
---	---	---	---	---	---	---	---


Lesi sivivinyo singamakhasi ayi-9, ngaphandle kwekhava.

I Miyalelo kuthisha:

1. Fundela abafundi umbuzo/umyalelo ngamunye uzwakale kahle ungasheshi.
2. Funda kabili imibuzo/imiyalelo ngenkathi abafundi belandela ezincwadini zabo.
3. Ungabachazeli imibuzo noma imiyalelo.
4. Banike isikhathi sokubhala izimpendulo ngokwabo, ezikhaleni ezinikeziwe. Ungabalekeleli ukuphendula imibuzo.
5. Uma sebeqedile, qhubeka ufunde umbuzo noma umyalelo olandelayo.
6. Landela le ndlela uze uyofika embuzweni wokugcina.
7. Yenza imisebenzi yokuzilungiselela nabafundi.

I misebenzi yokuzilungiselela:

1. Faka uphawu (x) phezu kohlamvu olusebhokisini elingenhla elinempendulo eFanele. Yini lena?



Leli ...

A	B	C	D
inj a.	inkomo.	isikhukhukazi.	ikati.

Uphendule ngokufanele uma ufake uphawu phezu ko'D'.

2. Bhala izinombolo 1-4 emabhokisini ukukhombisa indlela eFanele okumele uyilandele uma uxubha amazinyo akho.

Manzisa isixubho sakho.	
Yakaza umlomo wakho ngamanzi.	
Hlikihla amazinyo akho ngesixubho.	
Faka umuthi esixubheni sakho.	

Uphendule ngokufanele uma ulandelanise ngokubhala izinombolo emishweni ngale ndlela: 1, 4, 3, 2.

3. Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo eFanele. Ngigqoka ... uma ngiyodlala ikhilikithi.

- A isigqulo.
- B isigqoko.
- C isigqiki.
- D isigqala.

Uphendule ngokufanele uma ukokelezele u'B'.


Esivinyweni sakho uzophendula eminye imibuzo eFana nale osuyiphendulile.

I sivinyo sakho siqala ekhasini elilandelayo.

1. Buka izithombe ezingezansi.

Ngabe siqala ngamuphi ungwaqa isithombe ngasinye?

Bhala ungwaqa wokuqala wesithombe ngasinye ngezansi.



1.1.....



1.2.....
.


2. Bhala igama lesithombe ngasinye.

Khetha igama elihambisana nesithombe kulana angezansi.

I peni	uj eke	imoto	iwashi
--------	--------	-------	--------



2.1



2.2

3. Funda indaba bese uphendula imibuzo engezansi.

Namuhla usuku lokuzalwa lukaNhloso lweminyaka eyisithupha. Usisi wakhe uSihle umthengele ibhethi nj engesipho. Unesasasa lokusebenzisa ibhethi yakhe. UNhloso nomndeni wakhe baya epaki ngemoto. UNhloso ugqoka ikepisi uma edlala ikhilikithi. Ubaba umphosela ibhola. UNhloso ushaya ibhola ngebhethi bese egijima kakhulu. Umama noSihle bamshayela izandla. Umndeni wonke uthokozele ukuba sepaki.

[I sungulwe e-DBE]

3.1 Faka uphawu (x) eduze kwebhokisi elinempendulo eFanele.

Sithini isihloko esifanele le ndaba?

Isihloko esifanele le ndaba esithi ...

Ukudlala nabangane.	
Ukuzij abulisa ezu.	
Ukuzij abulisa epaki.	

3.2 Phendula umbuzo.

Uneminyaka emingaki yobudala uNhloso?

UNhloso uneminyaka

3.3 Bhala izinombolo 1 kuya 3 emabhokisini akhombisa ukulandelana kwezigameko endabeni.

UNhloso ugqoka ikepisi lakhe.	
Bayazij abulisa epaki.	
UNhloso nobaba wakhe baya epaki.	

4. Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo eFanele.

Kungani uNhloso egqoka ikepisi lakhe?

UNhloso ugqoka ikepisi lakhe ngoba eFuna ...

A ukuzithokozisa.


B ukudlala ikhilikithi.

C ukuphosa ibhola.

D ukugij ima epaki.

5. Buka isithombe. Bhala igama elifanele.





Yini ekhonj iswe esithombeni?




Isithombe sikhombisa

6. Faka uphawu (x) phezu kohlamvu olusebhokisini elingenhla kwempendulo efanale.

Iyiphi into esinda ngaphezu kwazo zonke?

A	B	C	D
			

7. Dweba umugqa uwuqondanise nomusho ohambisana nesithombe.



Ubaba udlala ikhilikithi.	UNhloso ugqoke ikepisi.
---------------------------	-------------------------

8. Phinda ubhale lo musho.


Ufake usonhlamvukazi nongqi ngokufanele.

uNhloso udlala ikhilikithi epaki

.....

9. Ibizo igama lomuntu noma lento.

9.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze kwebizo elifanele.




Umfana ushaya ibhola

- A ngemoto
- B ngenethi
- C ngebhethi.
- D ngephepha.

9.2 Buka isithombe.

Qedela umusho ngebizo
elishiyiwe.



Umama ushayela

10. Buka isithombe esingezansi

10.1 Bhala umusho owodwa ngaso.



.....

10.2 Bhala imisho **emibili** ngesithombe esingezansi. Khumbula ukuqala imisho ngosonhlamvukazi, ekupheleni kwemisho ufake ongqi .



.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

ISAMBA: 20

